ISAZISO SOMPHAKATHI

ISIMEMO SOKUPHAKAMISA AMAGAMA ABANTU ABAZOQOKWA NJENGAMALUNGU ENKUNDLA KAMASIPALA WASETHEKWINI YEZOKUHLELA

NgokweSahluko 6, iSigaba 35 soMthetho iSpatial Planning and Land Use Management Act, Act No. 16 ka 2013, uMasipala waseThekwini wasungula Inkundla Yezokuhlela kuMasipala ezocubungula inqume ngezicelo zokuthuthukiswa komhlaba ezithunyelwe kuyo ngokoMthetho iSpatial Planning and Land Use Management Act, Act 16 ka 2013 ufundwa kanye noMthetho kaMasipala waseThekwini Wezokuhlela Nokulawula Ukusetshenziswa Komhlaba, 2017 (Isazizo sikaMasipala 114 sika 2017).

Inkundla Yezokuhlela kuMasipala waseThekwini yasungulelwa isikhathi sokuqala esiyiminyaka emithathu, nokuyisikhathi sokusebenza eziyophela mhla ka 31 Agasti 2018.

Ngakho-ke, ngokweSigaba 39 soMthetho kaMasipala Wezokuhlela Nokulawula Ukusetshenziswa Komhlaba, 2017 (Isaziso sikaMasipala 114 sika 2017), uMasipala umema ukuphakanyiswa kwamagama abantu bangaphandle abazoqokelwa ukuba ngamalungu eNkundla Yezokuhlela kuMasipala waseThekwini ehlandleni lesibili lokusebenza kwayo. Abantu abaphakanyiswayo kumele babe ngabavela kule mikhakha elandelayo:

- Umhleli obhalisiwe onesipiliyoni emkhakheni we Strategic Planning
- Umhleli obhalisiwe onesipiliyoni ekufakweni kwezicelo zokusetshenziswa komhlaba

Amalungu eNkundla Yezokuhlela azoba kulezi zikhundla iminyaka engeqile kwemihlanu (5).

Abaphakanyiswayo kumele kube ngabantu abanolwazi nesipiliyoni emsebenzini wezokuhlelwa kwendawo, wezokulawula ukusetshenziswa komhlaba, wezobunjiniyela bokuhamba kwezimoto emgwaqeni kanye nakwezokuthuthukiswa komhlaba noma umthetho ophathelene nakho; babe nemfundo efanele futhi babe ngababhalisile kulo mkhakha.

Abaphakanyiswayo kumele babe yizakhamizi zaseNingizimu-Afrika noma ngabanemvume yokuhlala ngokugcwele kwiRiphabhliki abangenqatshelwe ukusebenza njengabaqondisi ezinkampanini.

Ukuphakamisa ngakunye kumele kube ngokubhalwe phansi futhi kufake amagama aphelele, ikheli nemininingwane yokuxhumana nophakanyisiwe nesizathu sokufaneleka kwakhe ukuba yilungu leSigungu Sezokuhlela kuMasipala, kuphelekezelwe inombolo kamazisi wakhe, iCV kanye namakhophi ezitifketi eziqinisekisiwe zemfundo nokubhalisa.

Amagama kumele athunyelwe ekhelini elingenzansi ungakadluli umhla ka 24 Julayi 2018.

The Deputy City Manager: Economic Development & Planning, 166 K E Masinga Road, City Engineers Building, SPLUMA Office Room 117, Durban 4001. Attention A. Nkomonde noma email: anele.nkomonde@durban.gov.za